



south african
**human
rights**
commission

Mayelana
ne-SAHRC

UMLANDO OMFISHANE



Ikhomishana Yamalungelo Esintu LaseNingizimu Afrika (i-ne-SAHRCC) yabekwa mhla ka 2 Okthoba 1995 ngaphansi koMthetho Wekhomishana Yamalungelo Esintu 54 ka 1994, osewuchithiwe kwamiswa uMthetho weKhomishana Yamalungelo Esintu eNingizimu Afrika 40 ka 2013.

**UMthetho WeKhomishana Yamalungelo Esintu
eNingizimu Afrika 40 ka 2013 uhlinzekela ukubunjwa,
amandla kanye nemisebenzi yeKhomishana
Yamalungelo Esintu ENingizimu Afrika.**

UMthethosisekelo WeRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, 1996 wamukelwa Inhlangano yezoMthethosisekelo mhla ka 8 Meyi 1996. UMthethosisekelo nguwo ongumthetho omkhulukazi ezweni futhi wamukelwa ukuze upholise amanxeba okwahlukahlukana kwangaphambilini, kwakhiwe umphakathi owakhelwe phezu kwemigomo yentandoyeningi, ubulungiswa emphakathini kanye namalungelo esintu ayisisekelo.

UMthethosisekelo uhlinzekela ukusungulwa kwezikhungo ukuqinisa intandoyeningi ngokomthethosisekelo kanye nokugqugquzela amalungelo esintu. Lezi zikhungo zivame ukubizwa ngokuthi izikhungo zesahluko 9. I-ne-SAHRCC ingenye yezikhungo ezasungulwa njengophiko oluzimele lokugqugquzela, ukuvikela nokuqapha amalungelo esintu eNingizimu Afrika.

UMSEBENZI OMISELWE I-NE-SAHR

I-ne-SAHR iyisikhungo esizimele, ayisiwo umnyango kahulumeni, yize ithola uxhaso kuhulumeni. I-ne-SAHR ayisilo iqembu lezopolitiki futhi ayeseki noma ayiqhubi mbono weqembu lezopolitiki.

I-ne-SAHR kumele iphendule kuMthethosisekelo kanye nakumthetho kanjalo nakwiNhlangu Kazwelone yePhalamende eNingizimu Afrika.

**Umsebenzi we-ne-SAHR ususelwe kuMthethosisekelo lapho Isigaba
184 soMthethosisekelo sihlinzeka ngokuthi iKhomishana kumele:**

- **Ikhuthaze ukuhlonishwa kwamalungelo esintu kanye nosiko lwamalungelo esintu**
- **Ikhuthaza ukuvikeleka, ukuthuthukiswa nokugcwaliseka kwamalungelo esintu futhi;**
- **Iqaphe futhi ihlole ukulandelwa kwamalungelo esintu eRiphabulikhi.**

IPhalamende lamisa umthetho kazwelone ngoMthetho WeKhomishana Yamalungelo Esintu WaseNingizimu Afrika 40 ka 2013 ohlinzeka ngamandla adingekayo kuSAHR ukuze ikwazi ukwenza imisebenzi yayo. NgokoMthetho i-SAHR inamandla adingekayo ukuze iqhube imisebenzi yayo, okubandakanya amandla:



Okuphenya nokubika ngokulandelwa kwamalungelo esintu;



Okuthatha izinyathelo nokuqinisekisa ukulungiswa ngokufanele kwamalungelo esintu lapho ephazanyiswe khona;



Ukwenza ucwaningo, kanye



Nokufundisa.

Minyaka yonke i-ne-SAHRC idinga ukuthi zonke izinhlaka zikahulumeni ezithintekayo zithumele ulwazi ngezinyathelo ezithathwe izinhlaka zikahulumeni ukuze kugcwaliseke amalungelo aqukethe kuSomqulu Wamalungelo maqondana nezezindlu, ukuhlinzeka ngemisebenzi yezempilo, amanzi, isibonelelo sezenhlalakahle, ezemfundo kanye nezemvelo.

I-ne-SAHRC inamandla nemisebenzi engeziwe emiswe ngeminye imithetho kazwelonke, okubandakanya uMthetho Wokuggugquzelu Ukulingana Nokuvikela Ukuwaswa Okungalungile 2 ka 2000 (i-PEPUDA) kanye noMthetho Wokukhuthaza Ukuhatha Kwezobulungiswa 3 ka 2000 (i-PAJA).

Okhomishana

I-ne-SAHRC yakhiwe Okhomishana kanye Nehhovisi Elibhekelele Imisebenzi. Ngaphansi kobuholi bukasihlalo, oKhomishana bahlinzeka ngobuholi obungokohlelo kanye nokweluleka ihhovisi likanobhala ngokuqinisekisa ukuthi izinqubomgom, izinhlelo kanye nezinsiza ezabiwe kuhambisana nombono wenhlangano.

Bonke oKhomishana baqokwa uMengameli ukuze basebenze ihlandla leminyaka eyisikhombisa elingavuselelwu kube kanye kuphela.

I-ne-SAHRC inoKhomishana abantu-8. UKhomishana ngamunye wabelwe umkhakha othile wamalungelo esintu okumele agxile kuwo. IKhomishana ihlonza amalungelo esintu acacisiwe okuzogxilwa kuwo abalulekile naphathelene nokugxila emalungelweni esintu ezweni.



U-Adv. Bongani Majola



U-Adv. Priscilla Jana



U-Adv. Mohamed Ammermia



U-Adv. André Gaum



UNksz. Angie Makwetla



U-Adv. Bokankatla Malatji



UMnu. Chris Nissen



UMnu. Jonas Sibanyoni

1. U-Adv. Bongani Majola
Usihlalo

 Umkhakha Agxile kuwo:
Ukuhlinzekela Ezempilo
Nezofuduko

2. U-Adv. Priscilla Jana
Iphini Likasihlalo

 Umkhakha Agxile kuwo:
Ezokucwasa Nokulingana

3. U-Adv. Mohamed Ammermia

 Umkhakha Agxile kuwo:
Ukuthola Izindlu Nokuthola
Ubulungiswa

4. U-Adv. André Gaum

 Umkhakha Agxile kuwo:
Ezemfundo

5. UNksz. Angie Makwetla

 Umkhakha Agxile kuwo:
Amalungelo Ezingane

6. U-Adv. Bokankatla Malatji

 Umkhakha Agxile kuwo:
Ezokuphila Nokukhubazeka
Nezabantu Abakhulile

7. UMnu. Chris Nissen

 Umkhakha Agxile kuwo:
Ezezinsiza Zemvelo,
Ukupoqelelwa Komthetho
Nezemvelo

8. UMnu. Jonas Sibanyoni

 Umkhakha Agxile
kuwo: Ukuthuthukiswa
Kwezindawo Zasemakhaya
kanye Nelungelo Lokuthola
Ukudla

Ihhovisi Elibhekelele Imisebenzi

Ihhovisi likaNobhala lakhiwe abanye abasebenzi be-ne-SAHRC, ngaphandle koKhomishana. Ihhovisi likaNobhala linomsebenzi wokuqalis iqhingasu lenhlangano kanye nokuqhuba umsebenzi we-ne-SAHRC futhi liholwa Isikhulu Esiphezulu, u-Adv. Tseliso Thipanyane. I-ne-SAHRC inamahhovisi kuzo zonke izifundazwe ezingu-9.

Izikhalo ezingase ziphenywe i-ne-SAHR

I-ne-SAHR inamandla okuqhuba noma okwenza ukuthi kuqhutshwe uphenyo:

- Lapho kwamukelwa isikhalo ngezinsolo zokuphazanyiswa kwelungelo eliyisisekelo noma,
- Ngokwayo lapho kunezinsolo zokuphazanyiswa noma izinsongo zokuphazanyiswa kwelungelo eliyisisekelo.



Izikhalo i-ne-SAHR engabhekani nazo

I-ne-SAHR ayinawo amandla okubhekana nezikhalo ezimayelana nokwenziwa noma okungenziwanga ngaphambi komhla wama-27 Ephreli 1994.

I-ne-SAHR ingase isichithe isikhalo lapho:

- Sisuselwa kunzwabethi, amahlebezi noma imibiko engenasisekelo evele ngemithombo yezindaba. I-ne-SAHR ingase yenze uphenyo lokuqinisekisa izinsolo zokuphazanyiswa kwelungelo eliyisisekelo okubikwe ngalo kumithombo yezindaba noma ezitholakele komunye umthombo; uma lezo zinsolo seziqinisekisiwe kumele zidingidwe ngokoMthetho we-ne-SAHR.
- Sifakwe ngolimi oluhlabayo, olunamazwi ayisisiswana, olukhombisa ukuba luhlaza noma olujivazayo. I-ne-SAHR ingase icubungule isikhalo uma lolo limi lususwa.

- Kuwudaba okungaphikiswana ngalo enkantolo yomthetho, enkundleni, kanye nakunoma iluphi uhlaka lomthetho olunezindlela zangaphakathi zokuxazulula izinkinga noma zixazululwe abathintekayo noma lapho kunesinqumo somthetho ngalezo zikhalo noma okutholakele enkantolo yomthetho, enkundleni, ophikweni lezomthetho noma kolunye uphiko.
- Yisikhalo somuntu ongazidalulanga. I-ne-SAHRC ingase yenze uphenyo lokuqinisekisa izinsolo zokuphazanyiswa kwelungelo eliyisisekelo, ngokwalo, kuthi lapho seyiqinisekisile i-ne-SAHRC ingakwazi ukubhekana nesikhalo ngokoMthetho we-ne-SAHRC.
- Sibonakala singesenkohlkalo, esikhohlisayo, esingadingeki, esingaqondakali, nesingahambisani namalungelo ayisisekelo noma esingahambisani nezinhlinzeko zoMthetho we-ne-SAHRC.
- Sifakwe sekudlule isikhathi somnqamula-juqu esiyiminyaka emithathu kusukela ngosuku okwaphazanyiswa ilungelo eliyisisekelo ngalo.



Zingafakwa kuphi izikhalo

Isikhalo singafakwa kunoma eliphi ihhovisi
le-ne-SAHRC lapho kusolakala ukuthi kube
nokuphazanyiswa kwelungelo eliyisisekelo. Isikhalo
singafakwa ngumuntu ngqo, ngocingo, ngokubhala
noma ngokugcwalisa ifomu lezikhalo elithokala ku-:
www.sahrc.org.za

Ubani ongafaka isikhalo

- Noma ubani oqhuba izintshisekelo zakhe;
- Noma ubani owenzela omunye umuntu ongeke akwazi ukuzenzela ngokwakhe;
- Noma ubani osebenza njengelungu noma onentshisekelo egenjini noma eqoqweni labantu;
- Noma ubani osebenza eqhuba intshisekelo yomphakathi;
- Noma eyiphi inhlango esebenzela izintshisekelo zamalungu ayo.



Ukuphumelela kwe-ne-SAHR

Selokhu yasungulwa i-ne-SAHR ibe negalelo ekuqwasiseni nasekugcwali sekeni kwamalungelo esintu eNingizimu Afrika ngokwenza okulandelayo:

- Ukuphenya ngezikhalo mayelana, kanye nokuqhube uphenyo emphakathini mayelana nokwanda kokuphazanyisa kwamalungelo esintu;
- Ukuqapha ubucayi becalo lokuphazanyisa kwamalungelo esintu kanye nokuqhube ka kwecala ezinkantolo;
- Ukuqapha nokwethula umbiko ePhalamende mayelana nosekwensi uehulumeni ukuze kugcwali seke amalungelo ezenhlalomno tho eNingizimu Afrika iyonke;
- Ukuqhube imihlangano yokufundisa, izinhlelo zokuqe qesha, ukufundisa umphakathi kanye nemikhankaso yokwelulela isandla emphakathini, izingqungqu thela, imihlangano yokwabelana ngolwazi kanye nokuthulwa kwezinkulomo;

- **Ukudidiyela nokwaba impahla yokufundisa kanye nokushicilelwayo ngamalungelo esintu;**
- **Ukuqapha nokweseka ukuqaliswa uMthetho WokuGquqquzelu Ukutholakala Kolwazi (i-PAIA) kanye noMthetho Wokugquqquzelu Ukulingana Nokuvikela Ukucwasa Okungalungile (i-PEPUDA);**
- **Ukuqapha imithombo yezindaba ukuze kulandelelwwe izindaba zamalungelo esintu;**
- **Ukubamba iqhaza nasekubeni negalelo enqubweni yamalungelo esintu ezingeni lesifunda, likazwelonke kanye nelasemhlabeni jikelele.**

Umbiko uyatholakala kuwebhusayithi ethi www.sahrc.org.za

Imininingwane Yokuxhumana

AMAHHOVISI ASEZIFUNDAZWENI

EMpumalanga Kapa

Ikheti: 4th Floor Oxford house,
86 Oxford street, East London, 5200
Ucingo: 043 722 7828/21/25 | Ifeksi: 043 722
7830

Umphathi Wesifundazwe

Mnu. Abongile Sipondo

Othintwayo: Yolokazi Mvovo
I-imeyli: ymvovo@sahrc.org.za

Free State

18 Keller Street, Bloemfontein
Ucingo: 051 447 1130 | Ifeksi: 051 447 1128

Umphathi Wesifundazwe

Mr. Thabang Kheswa

Thinta: Alinah Khompeli
I-imeyli: akhompeli@sahrc.org.za

Limpopo

First Floor, Office 102, Library Garden Square,
Corner of Schoeman and
Grobler Streets, Polokwane
Ucingo: 015 291 3500 | Ifeksi: 015 291 3505

Umphathi Wesifundazwe

Mr Victor Mavhidula

Thinta: Mahlatse Ngobeni
I-imeyli: mngobeni@sahrc.org.za

Northern Cape

45 Mark and Scot Road,
Ancorley Building, Upington
Ucingo: 054 332 3993/4 | Ifeksi: 054 332 7750

Umphathi Wesifundazwe

Ms Chantelle Williams

Thinta: Zukiswa Louw
I-imeyli: zlouw@sahrc.org.za

Western Cape

7th Floor ABSA building,
132 Adderley Street, Cape Town
Ucingo: 021 426 2277 | Ifeksi: 021 426 2875

Umphathi Wesifundazwe

Adv Lloyd Lotz

Thinta: Shafeeqah Salie
I-imeyli: ssalie@sahrc.org.za

Ihhovisi laseGauteng

2nd Floor, Braampark Forum 3,
33 Hoofd Street, Braamfontein
Ucingo: 011 877 3750 | Ifeksi 011 403 0668

Umphathi Wesifundazwe

Mnu. Buang Jones

Thinta: Nthabiseng Kwaza
I-imeyli: nvkwaza@sahrc.org.za

KwaZulu-Natal

First Floor, 136 Margaret Mncadi, Durban
Ucingo: 031 304 7323/4/5 | Ifeksi: 031 304
7323

Umphathi Wesifundazwe

Ms Tanuja Munnoo

Thinta: Kathleen Boyce
I-imeyli: kathleenboyce@sahrc.org.za

Mpumalanga

4th Floor Carltex Building,
32 Bell Street, Nelspruit
Ucingo: 013 752 8292 | Ifeksi: 013 752 6890

Umphathi Wesifundazwe

Mr Eric Mokonyama

Thinta: Carol Ngwenyama
I-imeyli: cngwenyama@sahrc.org.za

North West

25 Heystek Street, Rustenburg
Ucingo: 014 592 0694 | Ifeksi: 014 594 1069

Umphathi Wesifundazwe

Ms Mpho Boikanyo

Thinta: Poppy Mochadibane
I-imeyli: pmochadibane@sahrc.org.za

Indlela Yokuxhumana ne-ne-SAHRC

Forum 3, Braampark Office Park, Braamfontein

Johannesburg

Inombolo yocingo: 011 877 3600

www.sahrc.org.za

I-imeyli: info@sahrc.org.za

complaints@sahrc.org.za

Twitter: @SAHRCCommission

Facebook: SA Human Rights Commission

